basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

FEBRUWARI/MASHI 2013

IMEMORANDAMU

AMAMAKI: 70

Le memorandamu inamakhasi ayi-16.

ISIQEPHU A: INOVELI

UMBUZO 1: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu

Nanka amaphuzu abafundi abangabhalela phezu kwawo:

- Ukuhlala kukaManyoba nonkosikazi wakhe emizini yamadodana abo kwaba isisusa sodweshu olwagcina luxova umndeni wonke. Kwaba nokuxabana phakathi kwamadodana ewodwa agcina esekhombana ngeminwe, kwaxabana amadodana namakhosikazi, kwaphinde kwaba nokuxabana phakathi kwamadodana nabazali okwakudalwa yilezi zizathu ezilandelayo:

  - ✓ Amadodana ayezithathele izinqumo wodwa angayifuna imibono yamakhosikazi awo mayelana nendlela eyayingaba ngcono yokondla uManyoba nomkakhe njengoba base bebadala bengasakwazi ukuzondla.
  - ✓ Lokhu kuphambana kwemibono kwadala ukuthi omakoti babone abazali babo basemzini njengemithwalo eyayingafanelwe ukuthwala yibona. Lokhu kwakudalwa ngukuthi omakoti babengabazi ubunzima uManyoba adlula kubona ekhulisa amadodana akhe. Kwabona omakoti babelotsholwe nguye uManyoba.
  - ✓ Ukwehlukana kwenqubo yasemizini yamadodana neyasekhaya likaManyoba noMaNdlovu. Isibonelo, ekhaya elikhulu kwaManyoba kwakungalalwa kungathandaziwe, emizini yamadodana kwakungathandazwa. Lokhu kwagcina kudala ukungezwani.
  - ✓ Ukwehlukana kwemibono mayelana nendlela yokukhulisa abantwana. Isibonelo,uMaNdlovu, unkosikazi kaManyoba wayekholelwa ekutheni abantwana ikakhulukazi abamantombazane bakhuliswa ngokuyalwa futhi bangayekwa babe uvanzi. Umakoti yena wayethi intombazane akumele ivalelwe endlini ukuze ikwazi ukuthola umkhweyana. Ukungenelela kukagogo ngokuyala indodakazi kwadala ingxabano phakathi kukamakoti nomamezala.
  - ✓ Ukungabi nabo ubuntu bamakhosikazi amadodana kaManyoba okwadala ukuthi ehluleke ukunakekela izidingo zabazali babayeni babo nakuba kwakuzoba okwesikhashana. Isibonelo, babehluleka ukubapha ukudla kwesinye isikhathi abazali babeye baze basizwe ngomakhelwane, bengabawasheli begqoka izingubo ezingcolile futhi ezinga-ayiniwe.
  - ✓ Lolu dweshu lwaholela ekutheni kugcine kunenzondo enkulu phakathi kwamadodana nomakoti bawo kanye nabazali. Amadodana ayebathanda abazali bawo, kodwa engafuni ukuxabana nomakoti bawo, ikakhulukazi ngoba ayedonswa ngamakhala ngomakoti. Ngakolunye uhlangothi abazali babezibona belahliwe yizingane zabo abazikhulisa kanzima, ekugcineni zakhetha abantu bokuhamba (omakoti) kunegazi labo (abazali bazo).

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngabafundi) **[35]**

NOMA

UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu

2.1 UThembalihle. (1)

2.2 Umfana ethandana naye ubefuna ukuhamba nayo ngenkani. (1)

2.3 Ugogo ozala uyise/umama kababa wayo. (2)

2.4 Emzini kaFanyana. (1)

2.5 2.5.1 Bathukuthele kakhulu. (2)

2.5.2 Ukhuluma noma yini/kanjani kuninazala. (2)

2.6 Isoka libona ukuthi intombazane idlala ngalo ngoba kade elokhu efuna ukuhamba nayo, yona iyala. (2)

2.7 Washaya isoka ngenduku ayeyiphethe labaleka langena emotweni lahamba ugogo wase ethatha umzukulu wahamba naye. (2)

2.8
- Ingoba bambona engena nengane yabo emva kokuthi kade belindile sebecabanga nokuthi kukhona okuyivelele.
- Ngokwabo babecabanga ukuthi ugogo wayelele, kwabaxaka ukubona esengena nengane bengazi ukuthi baphumaphi.

Okukodwa kwalokhu.
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)

2.9
- UManyoba umyeni kalo gogo wathi useyahluleka ukuthi ondle yena nonkosikazi wakhe.
- Wabiza amadodana efuna usizo lokuthi ondle yena nonkosikazi wakhe.
- Abona kuwumthwalo ukubondla bobabili bengekho eduze kwabo.
- Athatha isinqumo sokubahlukanisa ukuze azokwazi ukubondla.
- UFanyana wathatha unina ngaleyo ndlela.

Okubili kwalokhu.
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (4)

2.10 Uhlala kwaMjwayeli enye yamadodana akhe. (1)

2.11 Yebo sikhona. (1)
- Watshela abazali bakhe ukuthi ngugogo kuphela owayemtshela amaqiniso ngempilo yentombazane esencane nokuthi ifanele iziphathe kanjani.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)

2.12
- Ukhombisa ukubekezela ezinkingeni abhekana nazo esakhula, esesebenza nalapho esenomndeni. (2)
- Akalilahli ithemba nalapho esegugile eselahlwe yizingane zakhe ulokhu ebambelele ethembeni futhi ugcina esephumelele.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)

2.13 Yiqiniso. (1)

- Izingane zabo zehluleka ukubondla, zabehlukanisa zabahlalisa ngokuhlukana ngoba zithi lokho kuzonciphisa izindleko. Zathi noma sezibahlukanisile zangabaphatha kahle. (2)

2.14 2.14.1 D - Uthisha eGoli (1)

2.14.2 A - Ummeli eThekwini (1)

2.14.3 E - Umcwaningi wamabhuku eNewcastle (1)

2.14.4 C - Umshayeli eBergville (1)

2.14.5 B - Umfundisi (1)

[35]

NOMA

UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu

Nanka amaphuzu abafundi abangabhalela phezu kwawo:

- Ukuzithola kukaBhekani engaphansi kwengcindezi yokushada kwamenza wathatha isinqumo esaba isisusa sodweshu phakathi kwakhe, umndeni wakhe kanye nomphakathi ayewakhele. Udweshu lwaludalwa yilezi zizathu ezilandelayo:

  - ✓ UTholakele, lo uBhekani ayefuna ukumshada wayengumfelokazi. Lokhu kuphambene nesiko yingakho kwasusa udweshu.
  - ✓ Ukwenza kukaBhekani okuphambene nesiko kwadala ukuthi uyise ongasekho athukuthele aveze ulaka lwakhe ngamaphupho nangezindlela ezingezinhle, isibonelo, ukusha kwezingubo zikaBhekani kuwodilophu.
  - ✓ Ukufuna kukaBhekani ukushada uTholakele kwaphinde kwamqhatha nomama wakhe ophilayo. Naye wayengahambisani nalesi sinqumo. Umama kaBhekani yena wayefuna uBhekani ashade noLindiwe owayesenomntwana wakhe, uBhekani wala waphetha. Lokhu kwadala ukushuba kwesimo phakathi kukaBhekani nomama wakhe.
  - ✓ Umalume kaBhekani naye wangenelela, wagcina ngokumduba uBhekani ngoba enza okungakaze kubonwe ngaphambili.
  - ✓ Ukuziphatha kukaTholakele kwakuphambene nesimo senhlalo saseNyawushane. Lokhu kwenza uBhekani wathukuthelelwa ngumphakathi wonke. Ngisho nothisha besikole ayefundisa kusona uBhekani basebemkhipha inyumbazane ngoba wayenza okuphambene nenqubo ejwayelekile.

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngabafundi) **[35]**

NOMA

UMBUZO 4: *UMSHADO* – N Zulu

4.1 Intombi kaBhekani. (1)

4.2 Yingoba wethukile ngoba laba bantu abathathe uLindiwe bathe bathunywe uye. (2)

4.3 Amakopi otshwala ayengasenalutho. (1)

4.4
- Babethumba amantombazane. (1)
- Bawadlwengule. (1)
- Bawabulale. (1)

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi)

4.5
- Izinwele
- Ubuhwanqa
- Izitho
- Ubududla

Okuthathu kwalokhu nokunye okungavela. (3)

4.6
- Wayefuna ukumbuyisela esikoleni.
- Ukumlobola kwakhe kuyalukhombisa uthando lwakhe ngaye.
- Wancamela ukuxabana nabazali bakhe ngenxa yakhe.

Okubili kwalokhu.
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)

4.7 4.7.1 Kusho ukuthi uBheki wayecabanga ngendaba yokuthathwa kukaLindiwe/ukucabanga ujule. (2)

4.7.2 Kusho ukuthi izigebengu zingamlimaza uBheki/ukwenza into embi kumuntu. (2)

4.7.3 Lapha uTholi wayecabanga ukuthi uBheki akasenandaba naye/ ukungamkhathaleli umuntu. (2)

4.8 Uyise afike ngephupho esexosha intombazane egqoke izingubo ezimnyama. (2)

4.9
- Ukushisa impepho
- Kuhlatshwe imbuzi kushwelezwe kwabaphansi
- Ukukhumula inzilo agezwe akhishwe isinyama sokushonelwa

Okubili kwalokhu.
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)

4.10
- Onobugebengu/akathembekile.
- Udayisa izidakamizwa.
- Unemali ayithola ngomgunyathi.
- Odla izidakamizwa.
- Othanda abantu abaMnyama.
- Osebenzisa abantu abaMnyama ukwenza ubugebengu.

Okuthathu kwalokhu.
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (3)

4.11
- Kungaba ugwayi ngoba umngani kaTholi uPamella uyabhema.
- Kungaba izidakamizwa. (2)

4.12 Yiqiniso (1)
Umalume washo ngomlomo ukuthi uphoxekile isinqumo sikaBhekani. Akubalula/akusho okuyikona okwakumphoxa yilokhu:
- UBheki alobole umfelokazi.
- Athi engumfelokazi aphinde abe mdala kunaye uBhekani.
- Ngaphezu kwalokho uTholakele wayengafundile.
- Ubelindele lukhulu kuyena njengothisha.

Okubili kwalokhu.
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)

4.13 4.13.1 C - Kwakufanele angenwe uBhatomu ongumfowabo womyeni wakhe.

4.13.2 D - Wayenomntwana noBhekani.

4.13.3 A - Wangena esontweni esefakwe ozankosi.

4.13.4 E - Wakhishwa ngezinkulungwane ezintathu zamarandi ejele.

4.13.5 B - Umngani kaBhekani. (5 x 1) (5)
[35]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 35

ISIQEPHU B: UMDLALO

UMBUZO 5: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu

Nanka amaphuzu abafundi abangabhalela phezu kwawo:

- Ukushona kukamkhwenyana kaThenjiwe besanda kushada kwaba isisusa esikhulu sodweshu phakathi kwakhe nomamezala wakhe uMaMbatha.
- UMaMbatha waphumelela ukufaka wonke amalunga omndeni umqondo wokuthi uThenjiwe kumele angenwe umfowabo wendoda yakhe engasekho, uDumisani.
- Amanye amalunga omndeni aqale angahambisana nalo mbono kodwa uMaMbatha waphumelela ukuwenza abone ukuthi uma engahambisani nalo mbono azofulathelwa amadlozi.
- UThenjiwe wazama ukulwisana nalokhu ngezindlela ezehlukene, lokhu akubanga impumelelelo ngoba uMaMbatha wayeza nawo wonke amaqhinga amcindezelayo.
- UMaMbatha wabophisa uSipho umngani kaThenjiwe ngoba ecabanga ukuthi angase abe isiphazamiso kwicebo lakhe lokuphoqa uThenjiwe ukuthi avume ukungenwa.
- Emizamweni yakhe yokuphumelelisa icebo lakhe, uMaMbatha wagcina eseze elwa nanoNondumiso udadewabo kaThenjiwe owayezama ukuxazulula.
- Ekugcineni uMaMbatha waphumelela uThenjiwe wagcina evumile ukungenwa nguDumisani.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) **[35]**

NOMA

UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu

6.1 Basejele. (1)

6.2 Uzovakashela uSipho. (1)

6.3 Waqanjelwa amanga kwathiwa uhlasele uDumisani ngoba yena eyisoka likaThenjiwe/Ugwaze uDumisani. (2)

6.4 Ngoba abasemzini wakhe bacabanga ukuthi yena noSipho bayathandana. (2)

6.5 6.5.1 Ukubonakala kwezinyembezi emehlweni. (2)

6.5.2 Ukucela umuntu ukuthi angakhulumi iqiniso ngawe noma okwenzile. (2)

6.5.3 Ukuhlala ejele uze ufele khona. (2)

6.6 Kwathiwa uyophuma uma uDumisani noThenjiwe sebeganene. (1)

6.7
- Isibhamu (1)
- Ummese (1)
- Ushevu (1)

6.8
- UThabi wayeme ngasefasiteleni wabona uThenjiwe ethela umuthi etiyeni likaDumisani. (2)
- Waxwayisa uDumisani ukuthi angaliphuzi lelo tiye uma wayesafuna ukuphila. (2)

6.9
- Uyena obembonisa ngamalungelo akhe ngemuva kokushona komyeni wakhe.
- Wathi angavumi ukubuyela kwaZungu kodwa uma bemtshela ngokungenwa anqaphaze/ale ngoba ilungelo lakhe lelo.
- Wamphelezela wamyisa emzini, kwaZungu ngenhloso yokuzama ukubonisana nabo ukuthi bangamphoqeleli uThenjiwe ukuthi avume ukungenwa.
- Wazama nokubonisa abazali bakhe ukuthi bangambuyiseli kwaZungu uThenjiwe.

Okubili kwalokhu.
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)

6.10 Izimpendulo ziyokwehluka.
Wayengaguli, wayefuna nje ukuthi uThenjiwe avume ukungenwa uDumisani.

NOMA

Wayegula ngempela. Njengomuntu omdala wayebona ukuthi ukunqaba kukaThenjiwe ukuthi angenwe kwakumenza yena abukeke njengesahluleki esehluleka ukuyala ingane. (3)

6.11 Izimpendulo ziyokwehluka:
Ngangiyovuma ngoba yisiko ukungenwa, ngenxa yokuthi sengahlanganiswa namadlozi akulo muzi.

NOMA

Ngangingeke ngivume ngoba umuntu engangize ngaye wayeseshonile/ unelungelo lokuzikhethela afuna ukukwenza ngempilo yakhe. (2)

6.12 Yiqiniso. (1)
- Nguyena owaqhamuka naleli lisu lokuthi kungenwe uThenjiwe.
- Waguqula umqondo womyeni wakhe owayengafuni ukuthi uThenjiwe angenwe. Wamesabisa ngokuthi uma emdedela ahambe wayezobhekana nolaka lwamadlozi.
- Wayesho nokuthi ngeke nje aze abuyele kubo uThenjiwe ngoba sewahlanganiswa namadlozi akwaZungu.

Okukodwa kwalokhu.
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)

6.13 6.13.1 C - Umngani kaThenjiwe.

6.13.2 D - Wasindisa uDumisani ekuphuzeni ushevu.

6.13.3 A - Umakhelwane wakwaZungu.

6.13.4 E - Kufanele angenwe nguDumisani.

6.13.5 B - Isithakazelo sakwaZungu. (5 x 1) (5)
[35]

NOMA

UMBUZO 7: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

Nanka amaphuzu abafundi abangabhalela phezu kwawo:
UMbandlwa uvezwe njengomelekeleli ongumqhathi obhebhethekisa udweshu kulo mdlalo. Lokhu ukwenza ngalezi zindlela ezilandelayo:

- Ukhuthaza uDuma ukuthi angayilaleli inkosi, umtshela ukuthi yena wakhethwa ngabantu ngaleyo ndlela asikho isidingo sokuthi aphinde ayokhothama enkosini.
- Ukhuthaza uDuma ukuthi aphinde abize omunye umhlangano nakuba yena uMbandlwa ashaywa walinyazwa ngesikhathi bebambe umhlangano wokuqala.
- Ukhuthaza uDuma ukuthi angayi enkosini ngesikhathi uithumela isigijimi ukuthi sizombiza.
- Uxabanisa uDuma nomkakhe uMaShezi, UMaShezi uze uyemuka ngoba uDuma usekhetha ukulalela uMbandlwa kunaye.
- Uvezwe njengempohlo ngaleyo ndlela akasiboni isidingo sokubaluleka komndeni. Yingakho echitha okaDuma.
- Ngokufa kukaMbandlwa izinto ziyalunga zibuyela esimweni.

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngabafundi) **[35]**

NOMA

UMBUZO 8: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

8.1 Isesibhedlela. (1)

8.2 Ivukwe isifo senhliziyo ngemuva kokuzwa ukuthi uDlamini ubulewe nomuzi wakhe. (2)

8.3 Uzocela uxolo enkosini ngokungayihloniphi kwakhe. (1)

8.4
- UMaShezi wathi umkhuthaze ukuthi aye enkosini uDuma ayoxolisa.
- Ukufa kwabantu.
- Ukugula kwenkosi.

Okubili kwalokhu.
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)

8.5 8.5.1 Lapha kukhulunywa ngemindeni eshonelwe zihlobo zayo ngenxa yodlame/ukuba sozini/ushonelwe. (2)

8.5.2 Inkosi yayibukeka isiba ngcono lapha esibhedlela/yayikhombisa ukuthi izosinda ekuguleni kwayo/ukuba ngcono ekuguleni. (2)

8.5.3 Kusho ukuthi kube umoya oyiNgcwele obaphethe noma obakhombisa indlela okufanele bahambe ngayo/ukwenza ukulunga. (2)

8.6
- Amanye amakhosikazi ayesembingelela sengathi abona inkosikazi yenkosi. (1)
- UDuma wayesekhulekelwa. (1)

8.7
- UDlamini ufike walwa noMbandlwa emtshela ukuthi yena noDuma sebeyazenzela nje.
- UMbandlwa aphenduke ambuke kabi enikina ikhanda.
- Wakhuluma ngokufutheka uDlamini ethi akamphendule embiza ngempohlo ndini.
- UMbandlwa abheke induna ngeso lenzondo amchithele izandla, amshiye kanjalo.
- UDlamini axebule iphepha ebese linanyathiselwe ahambe nalo.

Okune kwalokhu.
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (4)

8.8
- Uhlikihla izandla. (1)
- Uthi uzobeka inkosi phambili ngaphambi kokwenza noma yini ephathelene nesizwe. (1)

8.9 8.9.1 Umfundisi uMazongolo – ukubeka kwakhe umthandazo emcelela ukuthi aphile nokuzombona egula. (2)

8.9.2 UMaShezi – ulethe uDuma ukuthi azoxolisa naye ngokwakhe waxolisa. (2)

8.9.3 USayitsheni – ukwazile ekusizeni ukuthi udlame lungabhebhetheki, wavikela uDuma ekubulaweni waze wabaphelekezela wabayisa esibhedlela. (2)

8.10 Yiqiniso. (1)
- Uthi angaceli ukwenza into azikhethelwa.
- Uthi uma sekunentuthuko nalabo ababengayingeni indaba yakhe bazoyijabulela.
- Uthi akahambe aye emaphoyiseni awacele ukuthi eze azobaqapha ngosuku lomhlangano.
- Uthi inkosi kufanele ayizwise ubuhlungu ngokuthi imbukele elawula.

Okuthathu kwalokhu.
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (3)

8.11 8.11.1 D - Isithakazelo sikaDlamini

8.11.2 C - Ukushayisana/ukungqubuzana kwemibono endabeni

8.11.3 E - Ikhansela lendawo

8.11.4 A - Kwakufunda khona uMashezi

8.11.5 B - Elinye igama likaNkulunkulu (5 x 1) (5)
[35]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 35

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE

IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)

UMBUZO 9: UMUNWE – S Zinema

Abafundi bangabhala banabe ngaphansi kwalawa maphuzu:

- UZodwa uvezwe njengomlingiswa ozaziyo ukuthi ufunani empilweni.
- Uyakwazi futhi nangakufun, akafuni ukukhohliswa ngabantu besilisa.
- Ufuna umuntu athandana naye kube umuntu onenhloso ngaye.
- Akayena uthathekile.
- Ukhuluma iqiniso njengoba linjalo akayi le nale.
- Akanabo abangani ngoba akakalutholi uhlobo lomngani alufunayo, akabufuni ubungane obuhlotshisiwe, ufuna ubungani beqiniso.
- Uyakwazisa ukwethembeka.
- Uyabazi ubuqili babantu besilisa.
- Uyakwazi ukubona ukuthi umuntu wesilisa oshadile ubonakala kanjani.
- Uyahlonipha.
- Ukhuluma ngokuzethemba.

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) **[35]**

NOMA

UMBUZO 10: INGODSO – S Bhengu

10.1
- Babethembisene umshado.
- UNokwazi wayegane uSipho.
- Babenomntwana.

Okukodwa kwalokhu. (1)

10.2 UNgwane wayeboshiwe. (2)

10.3 Ngezindodla zemali/ngemali eningi yamaphepha. (2)

10.4 Wayeyintshontshe emsebenzini. (2)

10.5
- Ayikabi nezimoto eziningi ezithutha umphakathi.
- Ayikabi nogesi emigwaqeni.
- Ayikabi nazingcingo.
- Imigwaqo iselubhuqu eligcwele uthuli.

Okuthathu kwalokhu. (3)

10.6
- Ingoba wayebanga nazo uNokwazi.
- Bangabantu bezinduku/bayashayana. (2)

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

10.7 Kwathi esemkhokhelile imali yonke, umshayeli wathi ngeke akwazi ukumwelisela esitobhini sakwaChonco. (2)

10.8 10.8.1 Ilanga lishisa kakhulu. (2)

10.8.2 Ngizokhipha isibhamu. (2)

10.8.3 Ukushaya umuntu ngempama.. (2)

10.9
- Wabe eyibonile imali lapho eyayikhona emsebenzini.
- Wangena onogada bengamzwanga.
- Wayithatha yonke leyo mali.
- Onogada bambona lapho esephuma baqhumisa isibhamu.
- Walimala emlenzeni kodwa wakwazi ukubaleka nemali.
- Wayithukusa ndawana thize.

Okuthathu kwalokhu.
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

10.10 Wayesesaba ngoba ethi umfowabo wabulawa ngesibhamu. (2)

10.11 Iqiniso (1)
- Isibhamu siyingozi ngoba sabulala umfowabo kaNokwazi./
- USipho naye wadutshulwa ngesibhamu onogada ngenkathi entshontshe imali enkampanini ayeyisebenzela. (2)

10.12 10.12.1 C - Ingoduso kaSipho

10.12.2 D - Umfowabo kaNokwazi

10.12.3 E - Umkhwenyana kaNokwazi

10.12.4 B - Umukhwe kaSipho

10.12.5 A - Ingane kaNokwazi noSipho (5 x 1) (5)
[35]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 35

ISIQEPHU D: IZINKONDLO

IZINKWAZI ZOTHUKELA/AMAHLOKOHLOKO – EJ Mhlanga no JJ Thwala

UMBUZO 11: NGIYAFISA UKUBA QOTHO – DA Hlophe

11.1
- Ezindleleni zayo.
- Ulimi lwayo.
- Uma ikhuluma.
- Emsebenzini.
- Kubazali.
- Eziphiweni zayo.
- KuSomandla.

Okuthathu kwalokhu. (3)

11.2 Yingoba ifuna uMdali ayibone ingenasici (imsulwa) ukuze ikwazi ukuzicelela kuye kuzwakale (ayizwele). (1)

11.3 Ngihloniphe omdala nomncane. (2)

11.4 11.4.1 Isho ukuthi ithembeke ekuhambeni kwayo/ ezintweni ezenzayo. (2)

11.4.2 Isho ukuthi lapho yona khona ithole ukuxolelwa. (Ixolelwe uma yonile zisuswe izono zayo) (2)

11.5 Ngiyafisa ukuba qotho. (1)
Imbongi lapha iyagcizelela okukhombisa ukuthi ifisa kangakanani ukwethembeka. (2)

11.6 Umugqa wesi-2 nowesi-4.
... ngobuqotho
... zami
... lubeqotho (1½)

11.7 Ukuxhumana okuyingxemu. (1)
Ngibe **qotho** ezindleleni zami
Ulimi lwami lube**qotho**, (2)
[17½]

NOMA

UMBUZO 12: PHANSI – LMMS Madondo

12.1
- Ngokubaluleka kokuzithoba/ngokuzehlisa ngaso sonke isikhathi.
- Ubungozi bokuziphakamisa.
- Lowo oziphakamisayo uwa kabuhlungu futhi ungatholi nosizo. (3)

12.2 Yizinkinga abahlangabezana nazo. (2)

12.3 12.3.1 Ukuziphakamisa nokuthanda ukubukwa kuyaqedwa. (2)

12.3.2 Kusho ukuthi umhlaba/abantu ababathandi abantu abathi bona bahlakaniphile kunabanye. (2)

12.3.3 Ukuwa kabuhlungu usuka phezulu. (2)

12.4 ... okwezintuthwane (1)
Isifaniso (1)

12.5
- Lunye kuwo uhambo/Impinda kayikho. (1)
- Ikhombisa ukugcizelela ukuthi umuntu uphila kanye lapha emhlabeni ngakho-ke kufanele aphilisane kahle nabanye abantu. (2)

12.6 Imvumelwano sigcino. Imvumelwano siqalo (1)
... uyakukuhloni**pha** **noma** **U**wuhloniphe ...
... ukuhlakani**pha** **U**bazonda ... (½)
[17½]

NOMA

UMBUZO 13: INHLANSI YAKHO THULI – SB Mlambo

13.1 UThuli (1)

13.2 Ithi iyamthanda. (1)

13.3 Ngakubona uyinhlansana. (1)
Isingathekiso (1)

13.4 13.4.1 Imbongi yayihamba ingazi lapho iya khona./Ukuhamba ungazi lapho uya khona. (2)

13.4.2 Kusho ukuthi kwajabula ngisho nemvelo ngokuqonywa/ ngokunqoba kwembongi/ukujabula kwemvelo. (2)

13.4.3 Imbongi yalungisa amagama eyayizowasho/eyayizoshela ngawo kuThuli. (2)

13.5 13.5.1 Ukuphela (1)

13.5.2 Ngahlula (1)

13.5.3 Ngayithatha (1)

13.6 **Ngi**shiywe ...
Amehlo ...
Ngingaboni ... (1½)

13.7 Ukuxhumana siqalo: (1)
Ngakubona ...
Ngakubona ... (2)
[17½]

NOMA

UMBUZO 14: NGINGOWELIBA – NL Luthuli

14.1 Ngosuku lwesithathu. (1)

14.2
- Le nkondlo ikhuluma ngokuthi wonke umuntu uyokufa angcwatshwe.
- UJesu wafa wangcwatshwa waphinde wavuka kwabafileyo.
- Uma uJesu engakalilandi ibandla lakhe umuntu usazolokhu engofayo.

Okubili kwalokhu.
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

14.3 14.3.1 Ithuna (1)

14.3.2 EyoMdali (1)

14.3.3 Onendawo (1)

14.4 14.4.1 Kusho ukuthi umphefumulo usuphumile emzimbeni womuntu noma useshonile. (2)

14.4.2 Isho ukuthi wonke umuntu ophilayo uyophelela engcwabeni./ uyogcina efile/eshonile angcwatshwe. (2)

14.4.3 Umphefumulo uma usuphumile awuhlali emhlabeni ngoba akuyona indawo yawo. (2)

14.5 Baf' olwembiza. (1)

14.6 **Ya**ba ...
Ngolwesithathu ...
Yavuka ... (1½)

14.7 Ukuxhumana siqalo. (1)
Umzimba ...
Umzimba ... (2)
[17½]

AMAMAKI ESIQEPHU D: 35
AMAMAKI ESEWONKE: 70